






UHLELO LWE-EXODUS LOMSEBENZI WEZINYATHELO

ISINYATHELO SESISHIYAGALOMBILI

“Senze uhla lwabo bonke abantu esibonile
sase sizimisela ukuthi silungise izinto nabo.”



“Senze uhla lwabo bonke abantu esibonile sase sizimisela ukuthi silungise izinto nabo.”

UKUGXILA KOKUNGAPHANDLE

Indlela yethu yokulapheka ngalezi Zinyathelo Eziyishumi nambili, ibibhekiswe phezulu kanye nangaphakathi. Sisebenzile ukwakha ukuxhumana noNkulunkulu okunikezela, kanye nokuthuthukisa ukuzazi ngeqiniso, okuthe thuthu.

Esinyathelweni Sesishiyagalombili neSesishiyagalolunye sibheka ngaphandle, sigxile kwabanye abantu kanye nokulungisa ubudlelwane obumoshwe izinto esizenzile kanye nendlela ebesibuka ngayo.

Noma siye sizame ukuzikhohlisa, iqiniso lithi, uma siphila ngaphansi kokulutheka/ukujoveka futhi senza izinto ngenxa yokwehluleka kwethu, kuye kube khona ukulimala kwabanye abantu – noma ngabe kuncane noma kukhulu kakhulu, kwenzeke ngenhloso, noma ngengozi.

Ekuluthekeni, ukuxakeka, ukuphoqa, nokuhluleka ukuzibamba kusenza singanakekeli futhi siphathe kabi labo esisondelene nabo, njengoba sisuke nje sizicabangela isidakamizwa noma indlela esiziphatha ngayo. Ukulimaza kuye kubangelwe indlela esiziphatha ngayo, njengokuthukuthela, ukuzicabangela sodwa, imfanelo, ukungathembeki, ukuncika kwabanye abantu/ukungazimeli, ukwesaba, nokunye.

Ekululameni kubalulekile ukuthi sihlanze wonke amabibi angaphakathi kithi ebesiwashiye emuva, hhayi ngoba senzela ukulapheka kwabanye, kodwa nokwethu kanye nokukhula emphefumulweni kanye nokuthula kwengqondo. Ngaphandle kokuzinikela ukulungisa, ukuphoxeka, isazela, kanye nokuzisola ngenxa yezinto esizenzile kungasenza siziqhelelanise nabanye abantu, sizithole sibambeke ehlazweni. Akuyona indlela esifuna ukuphila ngayo le, ekululameni, sinesifiso sokuphila kwimanje, ngenkululeko, nentokozo, kanye nokuzethemba.

Ngakho, Esinyathelweni Sesishiyagalombili, siqala siyalungisa futhi siyabuyisana ebudlelwaneni obumoshekile ngenxa yokuziphatha nokwenza kwethu.

Nakuba singazizwa sikhathele manje, sesithathe isikhathi sikhathisa amaphutha ethu kanye nokuphazama kwethu, kufanele sibekezele, siqhubekele phambili. Isinyathelo Sesishiyagalombili, siyisiqalo sendlela engasikhulula emizweni yokuba “bancane kunabanye” isivumele ukuthi, siphinde, sibheke abanye emehlweni ngaphandle kokuhlazeka nokwesaba.



Ofihla iziphambeko zakhe akayikuphumelela, kepha ozivumayo uyakuthola umusa.
Izaga 28:13



Bheka kwase kusuka isazimthetho esithile, samlinga sathi Mfundisi ngizakwenzani ukuba ngidle ifa lokuphila okuphakade na? Wathi kuso, kulotshweni emthethweni? Ufunda kanjani? Saphendula sathi, woyithanda inkosi uNkulunkulu wakho, ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo wonke amandla akho, nangayo yonke ingqondo yakho, nomakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena. Wayesethi kuso, uphendule kahle, yenza lokho uzakuphila.
NgokukaLuka 10:25-28

Siqala ngokubheka abantu esibalimazile kanye nobungako bokulimala umuntu ngamunye noma isikhungo esithile (iqeqebana labantu). Sibe sesiqala sisebenze ngokuzimisela ukuthi **silungise** nabo.

Uma silungisa izinto nomuntu othile, sisuke sinenhloso yokubuyisela ubudlelwane ekade sinabo. Ngokujwayelekile, lokhu kuye kufake ukuthi uxolise ngqo kuyena, ubuso nobuso, nangendlela ethile ebonisa ukuthi usuphenduke ngempela.

Noma kunjalo, uma senza uxolo, sijwayele ukusebenzisa amagama athi, “Ngiyaxolisa”, kodwa kwesinye isikhathi, ukuxolisa kwangempela kuye kuthathe ngaphezulu kokukhuluma. Kuye kuphelezwe indlela owenza ngayo. Isibonelo, uma senza uxolo nekhasimende esithathe kulo imali, asixolisi nje kuphela, kodwa siyalibuyisela imali yalo, noma sizinikezele ekubuyiseleni imali yalo, ebesiyithathile. Uma ukubuyisana nomlingani wakho owenze ukungathembeki kuye, asiceli uxolo nje kodwa sibe sesenza kube semqoka ukuthembeka kanye nokungabi nazimfihlo.

Laphake, umusho/amagama avame ukusetshenziswa, “Ukuxolisa kubonakala ngezenzo.” alifanelekile lapha. Uma sixolisa ngokuphelele, asivele sithi siyaxolisa, kodwa siyakubonisa, ngokwenza noma yini ukulungisa lapho konakele khona kanye nokungaphindi into endala, nezindlela ezimbi.

Kungasikhulula ukwazi ukuthi, njengamanje, kuzokwenzeka kanjani, asidingi ukukhathazeka ngokuthi kuzokwenzeka, nini, kuphi, kanjani. Esinyathelweni Sesishiyagalombili, asidingi ukwenza ukubuyisana ngqo, kodwa akube ukuthi sizimisele ukukwenza. Njenge Sinyathelo Sesithupha, Isinyathelo Sesishiyagalombili siyisinyathelo sokuzilungiselela, lapho sizilungiselela ukwenza singasakhulumi nje kuphela. Ukwenza ukubuyisana umsebenzi weaSinyathelo Sesishiyagalolunye esingakafiki kusona njengamanje.

Kwabaningi bethu, ukubuyisana ebudlelwaneni bethu kusendleleni. Umonakalo omningi esiwenze sisaluthekile uyaphela lapho sesihlanzekile, njengoba singadingi ukweba, ukuqamba amanga, ukukhohlisa ukuze “siphile”. Singaba mdibi munye nesisondelene nabo nemigomo yethu iqhubeka ukuya ekubuyisaneni nabanye abantu.

Nanoma kunjalo, Isinyathelo Sesishiyagalombili neseSishiyagalolunye, yizinyathelo lezi ezifanele ukwenziwa nezinamandla kakhulu, ezifakazela ukuzimisela kwethu ukwenza izinto ngendlela ehlukile ukusuka manje.

- Ngabe uyavuma yini ukuthi, ulimaze abantu ngenhloso noma ngokungenhloso, ngezenzo zakho kanye nendlela obuziphatha ngayo?

- Ngabe uzizwa kanjani ngalomonakalo owenzile?

- Uzizwa kanjani ngohlelo lokwenza ukubuyisana?

- Ngabe ubudlelwane bakho bukhule kanjani njengoba ususekululameni?

- Ngabe yiziphi izenzo kanye nokuziphatha okube nomthelela wokukhula ebudlelwaneni bakho?

- Ngabe uhlelo lokulungisa ngqo lubonisa kanjani ukuzimisela kwakho ukushintsha?

- Ngabe yini oyiqondayo ngohlelo lokuphenduka?

- Ngabe kuzobazuzisa kanjani abanye abantu ukwenza Isinyathelo Sesishiyagalombili?

- Ngabe uzozuza kanjani ngokwenza Isinyathelo Sesishiyagalombili?

SENZE UHLA LWABO BONKE ABANTU ESIBONILE

Ukwenza uhla lwalabo esibonile akulula. Ukwamukela ukuthi siwuthathe umthwalo wokuthi kunabantu esibonile kungasenza singakhululeki. Ukuzikhukhumeza kungaphehla imizwa yokufuna ukuzivikela lapho ukuphoxeka kungasishiya singathandi ukuvuma esikwenzile. Ukungamukeli nakho kungaba yinkinga, kusivale amehlo singaboni umthelela owenziwe ukuziphatha kwethu. Ukusebenza kuloluhlelo kubiza ukubonisa ukukhuleka, ukuzithoba, kanye nokuba nesibindi.

Kahle hle kubalulekile, ukuqonda igama elithi, “ukulimaza/umonakalo” ngoba kubonisa ukuthi uhla lwethu silwenze kahle. Ziningi ke izindlela zokulimaza. Ngesinye isikhathi ukulimala kuba sobala, isibonelo, izigameko zokuhlukumeza, noma ukuntshontshelwa impahla okuye kushiye abanye abantu belimele kakhulu enyameni. Ngezinye izikhathi ukulimala kuba kuncane, isibonelo, ezehlakalweni zokudukisa, ukuzicabangela, ukukhohlisa, ukusola, ukulawula, imfanelo kanye nokungabonisi ukubonga, okushiya abanye benezibazi ezingabonakali, kodwa kungezangempela nezingaphakathi.

Uhla lwethu lokulungisa lufaka lonke uhlobo lobuhlungu - enyameni, ngokomqondo, nangokomphefumulo. Lufaka bonke ngisho nalaba abalimale singahlosile kanye nalaba abalimale singaqondi/singaboni ngaleso sikhathi. Lubuye luhlanganise kanye nokulimaza esikwenze sisaluthekile kanye nalokhu esikwenze sesisekululamani. Kuhlanguanisa nabantu esisasondelene nabo, kanye nalabo abangasekho ezimpilweni zethu. Nalaba esifuna ukubuyisana nabo kanye nalaba esingazi singaxolisa kanjani kubona.

Ukwakha uhla lwethu lokulungisa izinto, uhlu lwethu lweSinyathelo Sesine luyinsiza esemqoka. Uma sisebenze kahle Esinyathelweni Sesine, uhla lwethu luzosikhombisa laba okufanele silungise nabo izinto kanye nesizathu salokho. Singabuye sithi ukubuyela kancane ezimpendulweni esizithole Esinyathelweni Sesihlanu ukuze sikwazi ukwakha uhla lwethu, kanjalo nezigameko esihlangabezane nazo ebudlelwaneni nabo.

Lapho sihlangabezana nenselelo ukuxhumana nomthelela esibe nawo kumuntu, ukubuka isimo ngeso lomunye umuntu uthole uvo lwakhe kungaba ubuhlakani obukhulu. Lokhu kungasiza futhi uma sekufika ekubhaleni nabantu esimanqikanqika ukubafaka ohlwini.

Ngesinye isikhathi, kuzokwenzeka sibhekane nesimo sokuba nabantu ohlwini kodwa esingaba nobunzima ukuhlangana nabo ubuso nobuso, mhlawumbe ngoba sebashona, esingasazani nabo, noma basezindaweni eziqhelile. Laba bantu akufanele basale kuloluhla. Noma umuntu engekho phambi kwethu, kodwa sisengazilungisa izinto. Isinyathelo Sesishiyagalolunye sizosibonisa ukuthi lokhu singakwenza kanjani nokuthi kubaluleke ngani.

Ngaphambi kokuba siluphethe uhla lwethu, kufanele singakhohlwa umonakalo esizifake kuwo endleleni. Ukwahluleka kwethu okuningi akulimazi nje kuphela abanye abantu, kodwa futhi kuyaveza ukuthi nathi siyehluleka yithi. Ekuluthekeni, senza umonakalo, kuzona zonke izingxenye zempilo yethu, bese ubudlelwane nathi uqobo buphendukezeleka bungabi nokuxhumana. Isinyathelo Sesishiyagalombili, siyithuba lokuthi sizijwayeze ukufunda ukuzixolela, laphoke uhla lwethu lokulungisa izinto luzobe seluphelele uma sesiwafakile namagama ethu.

- Ngabe ibaluleke ngani intobeko uma wenza Isinyathelo Sesishiyagalombili?

- Ngabe ukuba nesibindi kukusiza kanjani ukwenza lesiSinyathelo?

- Ngabe ukwaze kanjani ukwenza intobeko kanye nokuba nesibindi endleleni yakho yaleziZinyathelo Eziyishumi nambili?

- Ngabe ibaphi labantu ofikelwa yibona kuqala uma ucabanga ngomonakalo owenzile kwabanye?

- Ngabe yiziphi izindlela olimaze ngazo abanye abantu ngaphandle (enyameni)?

- Ngabe yiziphi izindlela olimaze ngazo abantu ngendlela engabonakali ngamehlo enyama okungaba ukulimaza (ngokomqondo kanye nangokomphefumulo)?

- Ngabe yimaphi amaphutha akho alimaze kakhulu abanye abantu?

- Ngabe ukuzikhukhumeza kungakuvimba kanjani ukuqhubekela kwakho phambili kulesi Sinyathelo?

- Ngabe amahloni/ihlazo lingavimba kanjani inqubekela phambili yakho kulesi Sinyathelo?

- Ngabe ukungamukeli kungavimba kanjani inqubekela phambili yakho kulesi Sinyathelo?

- Ngabe ukungamukeli kukuvimba kanjani ekutheni uvume umonakalo owenze kwabanye abantu?

- Ngabe “ukuzifaka ezicathulweni zomunye umuntu”, kukusiza kanjani ukuthi wenze ngokuphelele Isinyathelo Sesishiyagalombili?

- Ngabe yibaphi abantu okungeke kubelula noma okungaba nzima kakhulu ukuthi ulungise nabo izinto nibhekene ubuso nobuso?

- Ngabe yini odinga ukuyilungisa nawe uqobo?

SAZIMISELA

Iningi lethu liye lizizwe linovalo ukwenza Isinyathelo Sesishiyagalombili. Ukwesaba ukungamukelwa, ukwahlulelwa, noma ukubaqonda kwethu abantu kungabangela ukuthi sinqikaze ngohlelo lokubuyisana/lokulungisa izinto.

Lapha ke, akusizi ukuthi sicabangele ukuthi kuzokwenzakalani noma sisho lokhu esikucabangayo. Angeke sikwazi ukugxila Esinyathelweni Sesishiyagalombili uma sizixaka ngeSinyathelo Sesishiyagalolunye. Okunalokho, siyazisiza uma sibeka emqondweni ukuthi, njengamanje, akukadingeki ukulungisa izinto.

Empeleni, kubaluleke kakhulu ukuthi uhlakaniphe ungaqale ufune ukulungisa izinto manje. Ngokwenza kanjalo singaqhubezela umonakalo phambili uma singafuna ukulungisa izinto singekacabangi kahle. Kufanele sikucabange ukuthi, uhlelo lokulungisa luzomphatha kanjani lo esifuna ukulungisa naye isimo, ikakhulukazi lapho kufanele kuvele izinto ebezigidliwe/zifihliwe.

Ekuthuthukiseni ukuzimisela, inzondo ingenye yezinto ezivimbayo. Ukungazimiseli ukulungisa izinto nomuntu othile kungenzeka lapho sibona sengathi lomuntu wenze umonakalo ongeke walungiseka. Singacabanga izinto ezifana nokuthi, “Ngingalungisa kanjani izinto nomuntu ongakaze afune ukudlala indima yakhe futhi ongeke afuna ukulungisa izinto nami?” noma, “Ngaziphatha ngalendlela engaziphatha ngayo ngenxa yalento abangenza yona.”

Ezimweni ezinjena, kufanele sizame ngakho konke ukuthi sigweme ukuzikhukhumeza, ukusola kanye nokuthi, sibe nomqondo wokuba izisulu. Isinyathelo Sesishiyagalombili, asihlangene nokuthi abanye abantu benzeni, nokudlala indima ekuziphatheni kwethu. Ukulungisa izinto akuchazi ukuthi sesizobamba iqhaza kuyo yonke into embi eyenzekile. Kodwa kuchaza ukuthi thina kufanele sivume lapho sadlala khona indima/esabamba khona iqhaza.



Ngakho njengabakhethiweyo bakaNkulunkulu, abangcwele nabathandekayo yembathani ububele benhliziyo, nesisa, nokuzithoba nobumnene, nokubhekakade, nibekezelelane, nithethelelane uma umuntu enezinsolo komunye. Njengokuba inkosi yanithethelela yenzani njalo nani.

KwabaseKholose 3:12-13

Inzondo kanye nokubuyisana izinto ezingahlangani. Uma singabhekani nokuthukuthela kwethu ngaphambi kokuthi sifune ukulungisa izinto, kuyofana nokuthi ukuxolisa kwethu akunalo iqiniso futhi akusikhululi.

Lapha ke, kuyaphoqa ukuthi kube nomoya wokuxolela. Noma ngabe ubani noma yini, kufanele (ngokuhamba kwesikhathi) sithole indlela yokuxolela, uma sifuna ukuphila kahle. IBhayibheli likubeka ngokungangabazi lokhu.

Ukungaxoleli kusithwesa umthwalo wokuphindaphindeka kwezinto ezimbi bese kusivimba ukuthi siphole futhi sithuthuke. Kolunye uhlangothi, uma sixolela ngeqiniso, sithola ukwehla kokuphatheka kabi kanye nokhwantalala, ukubuya kwethemba, ukuzethemba, ukuphila kahle, ubudlelwane obugxilile/obuqinile, kanye nokuthi sibe namandla okwenza izinto. Ukuxolela kuyakhulula. Kuisiza ukuthi silapheke bese siqhubekela phambili sisuke ezintweni ezingasiphazamisa.

Ukuxolela kwethu abanye abantu kubaluleke kakhulu njengoba nokuzixolela kwethu kuncike kukho. Singabheka umusa nothando esiluboniswayo ekululameni njengesibonelo sokuthi nathi silulele uthando lwethu kwabanye abantu. Ukukhumbula ukuthi ukuxolela akuwona umuzwa kepha kungukuzikhethela kusiza kakhulu kulaba ababhekana nenkinga kulokhu, njengoba kungukunxusa uNkulunkulu ukuthi athambise izinhliziyzo zethu. Ngesinye isikhathi, kuba ngumusa kaNkulunkulu kuphela ukuthi sithole amandla okuxolela/ukukhulula labo abasilimazile.

Sisesohlelweni lokuxolela, kubalulekile ukuthi, noma kanjani sifake uhla lwalabantu esizama ukubaxolela.

Singaba manqikanqika ukuthi sifake abantu esabalimaza ngokungenhloso ohlwini lwethu, singacabanga ukuthi “Kodwa nganginqonde kulimaza muntu.” Lokhu ke kungukulahleka kwenhloso. Esinyathelweni Sesishiyagalombili, ukwenza ngokungenhloso akuniki ilungelo lokuthi unganakwa umonakalo owenzeka. Sikubeka emahlombe ethu konke okubi esakwenza, noma ngabe zaziyi izinhloso zethu ngaleso sikhathi.

- Ngabe unakho ukungabaza ukwenza Isinyathelo Sesishiyagalombili?

- Ngabe yini oyisabayo ngokulungisa izinto?

- Ngabe ukwesaba kwakho kuyawenza yini umqondo?

- Ngabe uzolunqoba kanjani uvalo onalo?

- Ngabe uthando nomusa kubonakaliswe kanjani kuwena ohambeni lwakho lokululama?

- Ngabe kunzima kuwena ukulungisa izinto nomuntu owakulimaza nawe?

- Ngabe yini eyenza ucabange kanjalo?

- Ngabe ubani lo osezwa usamthukuthelele futhi usamcasukele?

- Ngabe yini eyenza kube nzima ukuxolela lababantu?

- Ngabe iyini inzuzo yokuxolela?

- Bheka ubhale izincwadi ezintathu eBhayibhelini ezikhuluma ngesimiso sokubaluleka kokuxolela.

Kunoma iluphi ushintsho, ukuvuma ukuthwala umthwalo/ukuthatha igxathu kubaluleke kakhulu. Isinyathelo Sesishiyagalombili, sidinga ukuthi sivume izekho zethu ezimbi kanye nezilimazayo, ngaphandle kokusola. Kwabanye bethu, kuzobe kungokokuqala ngqa sivuma ukubhekana nomthelela odalwe ukwehluleka kwethu ngendlela enhle.

Uma sivuma ukudlala indima, sibe sesishintsha indlela ebesixhumana ngayo nabanye abantu kanye nomhlaba osizungezile. Ukukhula kwethu kufakazelwa yindlela yethu entsha yokukhetha imigomo yokomoya ngaphezu kwamaphutha, isibonelo., ukukhetha ukuxolela kunokucasuka nokukhetha ukubuyisana kunokwehlukana.

- Ethebhulini olinikiwe ekhasini u15 kuya ku17, akha uhla lwakho lokulungisa izinto, ukwenze ngendlela yalezi zihloko ezilandelayo.
 - a) Umuntu: igama lomuntu noma isikhungo, isibonelo., uElizabeth
 - b) Ubuhlobo: indlela enihlobene ngayo, isibonelo., unkosikazi wami
 - c) Iphutha: izinto ozenzile ezidale umonakalo, isibonelo., ukuqamba amanga, umkhuba wokufihla izinto
 - d) Ukwehluleka: amaphutha ahlobene nokwenza izinto ezimbi, isibonelo., ukungathembeki
 - e) Umthelela: umthelela wokwenza okubi kumuntu noma isikhungo, isibonelo., ubuhlungu, ukuthukuthela, ukungazethembi, nokungathembi

a) Umuntu	b) Ubudlelwane	c) Isiphambeko	d) Iphutha	e) Umthelela
u-Elizabeth	Unkosikazi	Uyakhohlisa, Uqamba amanga, Unomkhuba wokufihla	Ukungathembeki	Ubuhlungu, ukuthukuthela, ukungazethembi, ukungathembi

- Linganisa izinga lakho lokuzimisela ukulungisa izinto kulaba bantu. Sebenzisa isilinganiso u1 kuya ku10, lapho u1 ebonisa ukuthi, “Angizimisele nhlobo,” u10 yena ebonisa ukuthi, “Ngizimisele ngokuphelele.”

① ② ③ ④ ⑤ ⑥ ⑦ ⑧ ⑨ ⑩

- Ngabe bakhona abantu ohlwini lwakho ongazimisele okwamanje ukulungisa nabo izinto?

- Ngabe uzokwenze njani ukuze uzithole usuzimisele ukwenza lokhu?

UHLA LOKULUNGISA

Umthelela							
Iphutha							
Isiphambeko							
Ubudlelwane							
Umuntu							

Umuntu							
Ubudlelwane							
Isiphambeko							
Iphutha							
Umthelela							

Umuntu							
Ubudlelwane							
Isiphambeko							
Iphutha							
Umthelela							

SIYAPHAMBILI FUTHI SIYENYUKA

Esinyathelweni Sesishiyagalombili, sivumbulule ngokomphefumulo nangokomoya, ukuhlonza abantu esibalimazile endleleni, ngenxa yokulutheka kwethu ngokwenza nangokwahluleka kwethu. Sibe sesisebenza ukungena ohlelweni lokuphenduka.

- Esilinganisweni u1 kuya ku10, ungakanani umfutho owufakile esinyathelweni sesishiyagalombili? U1 ubonisa ukuthi awufakanga mfutho. U10 abonise ukuthi mkhulu umfutho awufakile.

①

②

③

④

⑤

⑥

⑦

⑧

⑨

⑩

- Ngabe yini oyiqaphele kahle Esinyathelweni Sesishiyagalombili?

- Ngabe uzozisebenzisa kanjani imigomo yeSinyathelo Sesishiyagalombili ukukusiza **endleleni yakho yonke** yokululama?

- Ngabe usukulungele ukudlulela Esinyathelweni Sesishiyagalolunye?

PROJECT
EXODUS



info@projectexodus.net



www.projectexodus.net



+27 82 692 3999



37 Mackeurtan Avenue
Durban North, South Africa



[projectexodusrecovery](#)



[projectexodusrecovery](#)